

UZE, UNGILANDELE



Awu, qhabo, lokho kwakuphambi kokuba uBecky azalwe.

Futhi ngakho ngi—ngicabange ukuthi, “Awu, niyazi...” Ngi—ngidla nje isitsha sokudla kwe oti, kubiza usheleni. Awu, ngivele nje... Banginika ithikithi lami, futhi balisayine nje, niyabo, futhi ngakukhokhela, ngiyakubuyisa, ngase ngikufaka phakathi, ngoba ngangine akhawunti yezindleko.

² Futhi ngoluny’usuku ngenkathi sasino—nomhlangano wendoda ehamb’iqapha. “Okwami,” bathi, “ubani lelinadi elifake phakathi into enjengaleyo na?” Niyabo? U—umfo oyinhloko, niyazi, “Usheleni wokudla kwasekuseni na?” Ngakho lokho kubukeka kushibhe ngempela kwabanye abafu, niyazi. Abanye babo bajika bafaka phakathi idola, niyabo; amadola amabili edina. Futhi ngifaka lokho impela nje okwakuyikho.

³ Awu, ngathi, “Awu, manje, akunasidingo kimi ukuba ngifake phakathi. Bengiyokwenzenjani uma nje ngidla, usheleni na?”

⁴ UMnu. Fields, owayengumsizi kansumpa, wathi, “Billy, faka phakathi idola, noma kanjani, okungenani.” Wathi, “Yilokho bonke abanye okwenzayo.” Wathi, “Ufanele ukugcine lokho kundawonye.”

⁵ “Awu,” ngathi, “A—angidli neze kodwa nje isitsha sokudla kwe oti, futhi yilokho engikukhokhisayo.”

Wathi, “O, ungakwenzi, ungakwenzi neze lokho.”

⁶ Awu, ngase-ke ngicabanga, “Ngizokwenzani ngakho na?” Ngase ngikhokhisa ufifti sente ngokudla kwasekuseni. Ngase-ke ngithatha ufoti sente kukho, uma ngifuna ukusebenzisa noma yini, ngikunike abanye abantwanyana emgwaqeni; abanye abantwanyana, niyazi, ababebukeka sengathi babedinga isemishi elidadlana, isemishi, futhi. Awu, ngacabanga ukuthi mhlawumbe ngingahle... Kunjalo, leyo kwakuyinkampani, qobo lwayo, ikhuluma kimi kanjalo. Leyo kwakuyindoda ephuma enkampanini.

Ngakho, ngacabanga, “Mhlawumbe ngenze into engalungile.”

⁷ Ngakho lapha kungekudala, nendoda ehamba iqapha... Manje ahamb’eqapha ngamahelikopta, niyabo. Ngakho yedlula yayisima. Yathi, “Awusho, Mfowethu Branham,” yathi, “lesisihlahla siyakhula.”

Ngathi, “Ya.” Ngathi, “Abantwanyana badlala phansi kwaleso phandle lapho.”

Yathi, “Singasinquma ngaphezulu na?”

Ngathi, “Ya, kodwa ungasigawuli. Uyabo?”

Yathi, “Awu, singathanda ukusinquma. Sizokukhokhela ngaso.”

⁸ Ngathi, “Qhabo. Qhabo. Angifuni usinqume.” Awu, ngiyayazi imithetho yendlela efanele, nami, niyazi, ngoba ngangikuwo iminyaka eyisikhombisa. Ngathi, “Qhabo.” Ngathi, “Angifuni sinqunywe, kodwa ungasinquma ngaphezulu.” Ngathi, “Ngi—ngisigcina sinqunywe ngaphezulu, kodwa,” ngathi, “ungakwenza. Ungasinquma ngaphezulu uma ufuna ukukwenza.” Ngathi, “Mina, uMfowethu Woods nami, silungiselela ukusinquma ngaphezulu. Sizinquma ngaphezulu zonke lezi ezinye ngapha.” Ngase ngithi, “Kodwa singathanda ukugcina lesa lapho ngenxa yabantwanyana, uJoe nabo, niyazi, abafu abancane bedlala phansi kwalesosihlahla.”

⁹ Ngasuka ngaya ohambweni. Sengibuya, sasahwa sawiswa sasesikhishwa. O, kwakungaba yicala elinjani lelo enkampanini, niyabo, ngokunquma lesosihlahla, niyabo. Futhi ngakho ngacabanga, “Manje,” ngathi, “Nkosi, angizukukuphatha ngisho nalokho.” Niyabo? Noma ngabe uma kukhona noma yini engi—engi, kulokho, mhlampe ukufaka phakathi, ‘kuphela ukudla okulingene usheleni, futhi ngidingeke ngifake ufithi sente.” Niyabo? Ngathi, “Uma kunokuthize kulokho, lokho makukwenze, uyabo, ukuthi—ukuthi mina—ukuthi ngifake lokho phakathi, uyabo. Ukuthi ngi...” Futhi ngiyeka ukuphupha ngokuba seNkampanini yezeMisebenzi yoMphakathi ke, uyabo, ngoba kufanele ukuthi kwakukade kuyinto ethize esemuva phakathi lapho.

Sifanele sikuqaphele esikwenzayo. Sizodibana nakho ngoluny’usuku.

¹⁰ Bantwanyana, ngiza ngapha. Umama wakho ubengapha, omunye namuhla, Trudy. Ngiqagele awuzange, ubungazi. Lokhu kuthi ukumangaza, ngiyabona. Futhi ulungiselela ukuthweswa iziqu. Futhi sibe naloluhambo phandle lapha ndawonye. Ngizoya kongena emhlanganweni manje, masinya emva kwalomhlangano. Futhi sizoya ekhaya.

¹¹ Ngicabange ukuthi kungaba yithuba elihle ukukhuluma kini nonke, bese kuthi-ke futhi ngicabange ukuthi kungaba kuhle ukukhuluma kubantwanyana nje kancanyana ngaphambi kokwethweswa kwenu iziqu. Ngifunde ivesi eBhayibhelini, futhi nje ngikhulume kini okuvela enhliziyweni yami, cishe imizuzu eyishumi. Ngizothi nyelele ngiphume endleleni yenu. Niyabo?

¹² Ngaphambi kokuba ngikhulume kubantwanyana, ngithanda nje ukukhuluma kwabadala umzuzu nje, futhi, nonke. Kumanje, mhlampe, mhlawumbe uhambo olukhandlanayo, kubeyilo. Kodwa isehlakalo engisifunde kuNkulunkulu, bengingewathathe amadola ayizinkulungwane eziyishumi ngalokho engikufundile ngeNkosi selokhu ngibe lapha. Ngikholwa ngeqiniso ngiza ngokulalela okugcwele ekuyaleni

kukaSomandla, futhi ngi—ngithemba ukuthi ngingahlala njalo njalo ngingaleyondlela. Futhi kune . . .

¹³ Ngenkathi ngifika, into eyodwa, kwaba ngombono, ukuthi ngangimi phezu kweTucson enhla lapha ngenkathi kwenzeka u—u—ukuqhuma. Awu, uMfowethu Fred wayelapho ngenkathi kwenzeka. Futhi bathatha lesosithombe manje, niyazi, esibhakabhakeni. Futhi angicabanganga kakhulu ngakho, angizange ngikunake. Ngakho kuqala ukungihlaba umxhwele ngandlela—thize, ngoluny’usuku. NoMfowethu Norman, ubaba kaNorma lapha, wangitshela, wathi, “Ukunakile lokhu na?”

¹⁴ Futhi lapho nje ngisabuka, khona lapho kwakuyilezoziNgelosi Zicace nje ngakho konke, zihlezi khona lapho kulesosithombe. Niyabo? Ngabuka ukuba ngibone ukuthi kwakunini, futhi kwakuyisikhathi, kufana, cishe usuku noma ezimbili ngaphambili, noma usuku noma ezimbili emva kokuba ngangikade ngiphezulu lapho. Ngabuka lapho okwakukhona. “Enyakatho-mpumalanga yeFlagstaff, noma ePrescott, engezansi kweFlagstaff.” Awu, yilapho nje esasikhona, niyabo, khona impela.

¹⁵ “Amamayela angamashumi amabili-nesithupha ukuphakama.” Ngani, umhwamuko ungeke waba ngaphezu—ngaphezu kwamane, amamayela amane ukuphakama, noma amahlanu, umswakamo, noma yiluphi uhlobo lwenkunga kumbe noma yini, niyabo. Izindiza zindiza ezinkulungwaneni eziyishumi nesishiyagalolunye. Lokho ngukuba phezulu ngaphezu kwawo onke amafu, niyabo. Futhi izinkulungwane eziyishumi nesishiyagalolunye cishe ngamayela amane ukuphakama. Lokhu ngamayela angamashumi amabili-nesithupha ukuphakama, namamayela angamashumi amathathu ukuvundla kukho, futhi kusesimweni sesivivane, uma nisibukile isithombe.

¹⁶ Futhi ngakwesokudla, njengoba nganitshela, nganaka, okugqamile, leyoNgelosi. Nanso, iphume isifuba, amaphiko emuva, izongena ngqo, ngayo impela nje indlela okwakuyiyo. Angizange ngikunake ngenkathi kuqala Zi . . . Kwakukade kunezinto eziningi kakhulu.

¹⁷ Nje ngokuza ngehla ngomgwaqo ngoluny’usuku, kwabakhona into ethize eyenzeka eyakhuluma kimi ngento engi—ngifanele ngiyenze. Futhi aku—kusiwo umlayezo wami.

¹⁸ Ngesinye isikhathi, uLeo Mercier wathi, wathi, “Mfowethu Branham, isikhathi sizofika emva kwalokhu,” wathi . . . cishe eminyakeni emihlanu noma eyisithupha eyedlula, mhlawumbe eyisikhombisa, wathi, “iNkosi izoguqula inkonzo yakho, Mfowethu Branham.” Wayesethi, “Uma Yenxa, mhlawumbe nje uyozishayisa umugqa izibhedlela, futhi ukhulume baphume e—emibhedeni nezinto.” Akuzwakalanga kahle, nakuba ngikholwa ukuthi uMfowethu Leo wayezama ukuba qotho ngakho.

¹⁹ Kodwa akuzwakalanga nje kahle, ngoba, niyabo, iNkosi yethu uJesu ayizange ikwenze lokho. Niyabo? Futhi Yahamba yangena ezibhedlela. Kwakunoyedwa kulesosibhedlela. Niyakhumbula ukuthi kwakukuphi eBhayibhelini na? Ichibi laseBethesda. Izixuku ezinkulu zabantu abangenamandla babelele lapho, bekhubazekile, izinyonga, izimpumpu, abashwabeneyo, belinde iNgelosi. Manje, lokho kwakusesibhedlela sokomoya lapho abantu babelindele khona ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Futhi lapha uMphilisi ngokukaNkulunkulu qobo lwaKhe wangena wayesephilisa oyedwa wayesephuma. Ngakho ubungeke walindela ukuba umuntu osazokufa, noma inkonzo ukuba ivele, ebizoba nkulu kunoma leyo yayinjalo. Niyabo? Angikwazanga ukuvumelana nakho.

²⁰ Kodwa lapho ngiqala ukujika, uMoya oNgcwele ufika phezu kwami. Ngacela ipeni kuLeo. Ngathola isiqephu sephepha, ngase ngikubhala. Kukwikharaveni yakhe namhlanje, uma uke ube senhla lapho ekhona. Yileyokharaveni endala yensimbi ialuminiyam lapho enganginokulayishwa kwempahla yonke edingekayo. Lapho nje ungena emnyango, kuneshalofu ngakwesokudla, ngaphambi ngqo kwekharaveni. Sibekwe phansi kwalapho. Ngasibeka phezulu lapho. Lathi, “Ngoluny’usuku ungasihosha lesi. ‘UNkulunkulu akasoze ayiguqula inkonzo, kodwa Uyoshintsha indoda enenkonz’o.” Yilokho okuzofanele kwenziwe.

²¹ Niyabo, ngi—ngiyakwazi engifanele ngikwenze, kodwa ngi—ngi—ngingekwenze, ngingeke ngakwenza esimweni engikuso manje. Ngoba, ngifanele ngi... Ikhona into ezofanele yenzeke phakathi kwami, lokho kuzothatha uNkulunkulu ukukwenza.

²² Sihlose ukubuyela ekhaya. Abantwanyana sebekhumbule ekhaya, bonke befuna ukubuyela emuva. Ngakho ngilinganisela ukuba buyisela emuva, iNkosi ithanda, mhlawumbe emva kwenkonzo yangoMgqibelo, futhi ngakho ngibuyela emuva. Kusakela lapho, angazi. Kodwa ngiyazi ithi nje leyonto ingenzeka phakathi kwami, ukungenza ngizwele ngakubantu, okwehlukile kunalokhu engikuzwayo manje. Ngibenqabile a—abantu, niyabo, futhi bengi—ngingafuni ukuba ngibe ngisazihlanganisa nabo. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, engikubiza nge “ntekenteke, unontekenteke,” babenezinto ababezenzile. Ngashumayela ngabo bonke ubuqotho, noNkulunkulu wayekuqinise ngandlela zonke. “Futhi uma babengafuni ukuKukholwa, ngani, bayeke kanjalo-ke.”

²³ Ngangenyukela lapho, ukujoyinana noBud kulelikwindla elizayo, ngiqala ukulungisa impahla edingekayo phezulu lapho. Ngilinda ehlane, ngiyeke izinwele zami nezintshebe zikhule. Futhi uma iNkosi yayingifuna ngiye nomaphi, Iyongithumelelela izwi, futhi ngingehle futhi ngiyenze.

²⁴ Futhi emgwaqeni, ngingena ngolunye usuku, Yangimisa. Futhi ngibone lapho i. . . engangiza kukho. Ngi—ngisendleleni yami kwenye into manje. Futhi ngacabanga, uma ngifika ekhaya, ngokwenza lokho esikubiza ngokuthi ukuxoxisana okungafihli lutho, mhlawumbe ngikufake eteyipini, bese kuthi-ke futhi ukuze umphakathi uzobona ukuthi kungani kube wuguquko olusheshayo.

²⁵ Manje, nina bantwanyana, asivele nje. . . Asibe nezwi elincane lomkhuleko.

²⁶ Nkosi Jesu, sinokuthokoza ngalesisikhathi, ukwazi ukuthi sibuthene lapha, abancane nabadala, nabaphakathi nendima yempilo. Futhi sibuthene, ngakulelicala lePhakade, ukuba kanye futhi sikhulume ngaWe nangezinto ephathelene nokuPhila okunguna phakade.

²⁷ Nalaba abancane abahlezi phakathi lapha kulobubusuku, abanye babo bathweswa iziqu, abanye usevele wethwesiwe iziqu. Kodwa ngiyaqonda, Nkosi, into ethize eyenzekile emahoreni ambalwa nje ngaphambi kwalokho kushaqeka okukhulu, noma ukuqhuma okukhulu, kwakwenzekile entabeni phezulu lapho, enyakatho yeTucson, ngenkathi iziNgelosi zeNkosi zehla. Ngiyakukhumbula okwashiwo, futhi—futhi ikakhulukazi ngabantu abasha. Ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuba usisize ukuba siqonde. Futhi kwangathi ngingakwazi ukusho into ethize kulababafu abasha, kulobubusuku, okuzobasiza ohambweni. Ngokuba, Nkosi, sonke siyaludinga lolosizo ngalesisikhathi.

²⁸ Sibusise kanye kanye. Thethelela izono zethu. Futhi uma noma yini esiyenzile selokhu sibephandle lapha, okungaKuthokozisi, siyakhuleka ukuba Usithethelele ngakho. Ngokuba siyaqonda, namhlanje, ukuthi asina—nasiqiniseko sekusasa. Asazi ukuthi ikusasa lilethani. Sifanele silungiselele namhlanje ukuhlungana nekusasa. Futhi, Baba Nkulunkulu, yinye kuphela indlela esiyaziyo ukwenza lokhu, lokho ngokuthi, ukulungiselela ukuKubona, ngokuba maduze siyaqonda ukuthi sonke sizokwenza. Futhi sizodingeka sihlungane nakho ngesinye isikhathi, phakathi kokuthi ngokuthula, njengomngani noma umntwana, noma njengesitha. Makube kude, Nkosi, ukuthi sizoba noma yini enye into kodwa abantwana baKho uQobo abathandekayo. Yipha lezizinto siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

²⁹ Namhlanje, ngisanquma ukhula, kusesekuseni ngempela kulokhu ukusa, ngithole indawo eBhayibhelini, ngicabange ukuthi kungaba yinto enhle ukuyifunda ngalesisikhathi. Futhi yi. . . kungahle kungabi ukufanela okuphulukundlelayo, kodwa ngicabangele nje i. . . imizuzu embalwa nje—nje, ukuxoxa. Ngifuna ukufunda lokhu esahlukweni 18 sikaLuka oNgewe. Bonke ababhali abane beVangeli baloba ngakho. Isahluka 18 nevesi 18.

Umbusi othile wayesembuza, ethi, Mfundisi oMuhle ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

Kepha uJesu wathi kuye, Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? kakho omuhle, munye kuphela, ngu, uNkulunkulu.

Uyayazi imiyalelo ukuthi, Ungaphingi, Ungabulali, Ungebi, Ungafakazi amanga, Yazisa uyihlo nonyoko.

Kepha wathi, konke lokhu ngikwenzile, futhi ngikugcinile kwasebusheni bami.

Manje uJesu ekuzwa lokhu, wathi kuye, Usasilalelwe into inye: thengisa ngakho konke onakho, wabele abampofu, . . . uzakuba-namagugu ezulwini: uze, ungilandele.

³⁰ Ngicabanga ukuthi, igama, Uze, UNgilandele, leso bekungaba yiseluleko esihle ukudlula zonke ebingingasnikeza ukuba bengixoxa nabantwanyana abayizinkulungwane eziyishumi, noma ukuba nje bengixoxa ngalokho engiyikho. Kungumyalo, nento enkulu kunazo zonke engicabanga ukuthi eyake yanikwa noma ubani, futhi kakhulukazi umuntu omusha, “Ngilandele.”

³¹ Uzolandela umuntu othize. Manje, uvele nje . . . Ungakukhumbula lokho. Uzolandela umuntu othize. Nendlela olandela ngayo umuntu, qiniseka ukuthi, ulandela bani lomuntu. Niyabo? Si . . .

³² UPawulu wake wathi, “Yibani ngabalandeli bami njengoba ngingokaKristu.” Ngamanye amazwi, “Njengoba nje ngilandela uKristu, landelani mina.”

³³ Futhi manje, kulelijika, lesi—lesisigaba sokuphila lapho sonke sifika khona. Futhi izikhathi eziningi ningizwile ngimpompoloza “intekenteke, unontekenteke,” nezinto. Ngu, ngunyaka. Ngunyaka esiphila kuwo. Ngempela akusibo labobantu.

³⁴ Labobantu bangabantu njengoba siyibo. Labobantwanyana phandle lapha nalezizimoto ezishuniwe zaba namandla nejubane elithe xaxa, begijima behla benyuka nomgwaqo, futhi beqhubeka ngendlela abayiyo, bebhema osikilidi futhi bephuza utshwala, namantombazane egqoke ngokungenasimilo, nezinto, lawo ngamantombazane nabafana njengoba siyibo. Niyabo? Bangumuntu. Bayathanda. Bayadla. Bayaphuza. Bayalala. Bayaphefumula. Bazofanele bafe. Bangabantu njengoba siyibo nje. Futhi nokho kade be . . .

³⁵ Kade bekhwelwe ngumoya omubi. Abakwazi. Hhayi ngenxa ya—yabantu, kodwa ngoba, ngezinye izikhathi, omunye umholi akade bemlandela babaholele emgwaqeni ongesiwo.

³⁶ Manje, nina bafana namantombazane nazi kangcono kunalokho. Niyazi. Nifundiswe kangcono kunalokho. Nina bazali abangcono, ukuqeqeshwa okuphilayo kunokwenza into efana naleyo. Nazi kangcono.

³⁷ Kodwa abazi, niyabo, ngoba amabandla abaya kuwo angamabandla ayisimanje, anobumanje. Futhi a—aphilela usuku nje, athandwa kakhulu ngabantu. Futhi, o, he! Yini e...Izimilo ziba yisiqiniseko sobumsulwa kuwo. Niyabo? Ngakho wona, ini...Njengoba ngasho ngesinye isikhathi, emdlalweni engiwubone ezansi lapha, kungekudala, weSodoma neGomara, ukuthi lo owesifazane okhwelwe wububi wathi ku—kuLoti, “Okubiza ngesimilo esibi, ngikubiza ngesiqiniseko sobumsulwa.”

³⁸ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Ngakho sibuyela kuleyondawo futhi.

³⁹ Ake sibuke lomfo, imizuzu embalwa, esifunde ngaye. Akungabazeki ukuthi lomntwanyana wazalwa ekhaya elihle, njengoba nina bantwanyana ninjalo. Wakhuliswa ngabazali abahle. Isizathu, kwakufakazisa, ngenkathi uJesu emethulela imiyalelo kaNkulunkulu. Wathi, “Ngiyigcinile lena kwase busheni.” Kwakukhombisa ukuthi wayenjalo, wayekade enjalo. Waye kade ekhuliswe kahle. Wayengesuye nje okhishwe wathi hlwithi. Futhi niyazi, wa—wayekade ekhuliswe ukuba akwazi okufanele, bantwanyana njengoba nonke ninjalo. Mhlawumbe ukhula phansi kukamama nobabayi omesabayo uNkulunkulu, uku—uku—ukumfundisa okufanele, ngenkathi esengumntwanyana. Awu, lokho kuhle.

⁴⁰ Mhlawumbe, njengengane encane, unina wayenokulangazelela okuphakeme kwakhe eseyindoda enkulu ngolunye usuku. Uyise waye nemali efanele, ukuthi wayengamfundisa esikoleni no—nokumnika imfundo ayengayithola. Wayezophuma nemfundo enhle futhi akwazi ukuba yinto ethize ezweni. Nangobuqotho balomama nobabayi, befundisa lomntwanyana, futhi mhlampe afike esikhathini sakhe sokwethweswa iziqu njengoba ninjalo, niyabo, isikhathi lapho esephase wedlula esikoleni futhi waba nemfundo yakhe. Akungabazeki ukuthi mhlampe wayengukuziqhenya nokujabula kwa—kwalokho kuphila kukamama nobabayi. Akungabazeki, ngalezo zinsuku, wayenamahashi amahle, njengoba ninezimoto, nobabayi olungileyo nomama njengoba nonke ninabo, okuqaphelayo, ukuthi unezingubo zokugqoka ezinhle, ne—nemoto, futhi ninga...futhi nje nikujabulele ukuphila, into nje efana neninayo namhlanje.

⁴¹ Nobaba nomama ne...bekhuleka njalonjalo ukuthi—ukuthi indodana yabo yayingezukuba nje yindoda ejwayelekile, ukuthi yayizoba yindoda edlulele. Bonke abazali bafuna lokho.

Namuzwa yini uJesu ethathisela kulowomyalelo, “Yazisa uyihlo nonyoko,” wayesema-ke na? Niyabo? Nalokho ngukulangazelela kwanoma yimuphi umzali, ukwenza okuhle ukudlula konke ngabantwana babo, ukuthi bangakwazi, babafundise, babanike izinto mhlawumbe ababengakwazi ukuba bazithole. Yileyo ndlela engizwa ngayo ngabantwana bami.

⁴² Ngicabanga ukuthi, ngesinye isikhathi, ekuyeni esikoleni, manje; ngicabanga ukuthi, ngithumele uBecky noSarah noJoseph kulezizikole eziphakeme nezinto, lapho konke lokhu ukuqhubeka kukhona? Ngicabanga ukuthi ngizobathatha bese ngibuyela entabeni, bese—bese ngibakhulisa lapho nge... njengoba amaNdiya ephila.

⁴³ Kodwa nakhu okuyikho. Okukumntwanyana kuzophuma. Akunandaba ukuthi kukuphi, kuzofanele, kuzophuma. Uma kungububi phakathi lapho, buzophumela ekhempini yamaNdiya. Uma kungokuhle phakathi lapho, kuzophumela kunoma yiyiphi ikhempu. Niyabo? Kuyilokho okukumntwanyana, ukwakheka komntwanyana, okungakaphathi kuwe. Futhi lokho oyikho manje yilokho mhlawumbe oyikho zonke izinsuku zokuphila kwakho. Usendawaneni eguqukayo.

⁴⁴ Niyazi ukuthini? Amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha abaphendukela kuJesu Kristu enzeka ngaphambi kweminyaka engamashumi amabili-nanye ubudala. Kuyakukhombisa. Izibalo siyakukhombisa. Amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha eza kuKristu, eza ngaphambi kokuba babenamashumi amabili-nanye. Wena, emva kokuba usudlule kulowo nyaka, uba ngobumbeke kakhulu noma uhlale ezindleleni zakho. O, kunokwenzeka, impela. Bayafika, amashumi ayisikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili, iminyaka ubudala, kodwa kuyimvela kancane kakhulu. Niyabo?

⁴⁵ Uzenza wena ngenkathi usemusha. Ubeka ukulangazelela kwakho kulokho ofuna ukukwenza, nalokho ozama ukukuzusa ngempumelelo empilweni. Ucabanga ngakho. Futhi njengoba ucabanga, kusobala, umqondo wakho, kwethulwa emqondweni wakho ngento ethize engaziwayo e—ebusa umqondo wakho. Bese kuthi-ke uma sekuba semqondweni wakho, khona-ke uyakukhuluma, ukuthi uzokwenza. Bese kuthi-ke ukulangazelela kwakho kukuqhubele kukho.

⁴⁶ Ngakho, umama nobaba, bebheke lensizwa, nabo, ukulangazelela kwayo ukuba ibe nkulu, imali eyenele ukukuqhuba. Bese kuthi-ke, akungabazeki, bakhuleka ukuthi lo—lomfana osemncane uyo—uyolithola lelothuba. Niyabo, ba—babenze konke ababengakwenza. Yena mhlawumbe enamahashi amahle, futhi—futhi mhlawumbe wayethandeka kakhulu phakathi kwabesifazane.

47 Futhi okwakuya kowesilisa, kwakuyoba ngowesifazane, ngapha nangapha, niyabo, ngoba sixoxa ngempilo yomuntu, imiphefumulo, bobabili abesilisa nabesifazane.

48 Bese kuthi-ke, emva kwalolonke lelithuba umfana ayenalo, niyabo, uba ngo “phila ntofontofo ngenqwaba yemali,” sikubiza kanjalo, endaweni lapho wayengadingeki ukuba akhathazeke ngokuningi kakhulu. Abazali bakhe babenemali. Wayene... Waye kakhulu... Uba ngumbusi. IBhayibheli libhekisela kukho lapha, nge... njengosemncane, umbusi osemncane oyisicebi. Futhi sibona i... Esemncane, mhlawumbe eseyibhungu, esanda kuphuma nje esikoleni, esanda kuphuma nje ekwethwesweni iziqu, mhlawumbe, amaviki ambalwa ngaphambili, noma into ethize, uba... Ungumbusi, futhi wayenakho konke lokho izinhliziyi eazingakufisa.

49 Nomfana wayengesiyo intekenteke yesimanje. Ungumntwanyana okahle. Ngiyakholwa, ngenkathi uLuka eloba ngakho, noma uMarku, ngikhulwa ukuthi kwakunguye, uJesu wambuka futhi wabubula, ngoba Wayemthanda. Niyabo? Kunokuthize ngomntwanyana. Kwakunobuntu obuhle obabuhkawe nalomntwanyana. Uvelaphi na? Emndenini omuhle owawumfundise imiyalelo kaNkulunkulu, futhi wabona ukuthi wayeyigcina. Futhi wakwenza, kwasebusheni bakhe.

50 Nomfana wayenokulangazelela; wayefuna ukuPhila okuPhakade. Wathi, “Mfundisi oMuhle, ngingenzani ukuba ngidle ifa lokuPhila okuPhakade na?”

51 Niyabo, kukho konke onakho ezweni, nokho umphefumulo phakathi kuwe uyakutshela ukuthi kukhona into oyidingayo, ongenayo. Ngomcebo nje... Noma, akudingeki ukuba njalo kube umcebo. Kungaba, ukuthandwa ngabantu, intombazane ethize encane enhle, inobuhle bayo engacabanga ngabo. Mhlawumbe ithandwa kakhulu ngabantu esikoleni. Mhlawumbe umfana angathatha noma iyiphi intombazane ayifunayo. Uzizwa ukuthi uthe ukuphepha. Lokho akusikho ukuphepha. Lokho kuyofiphala njengembali nje endle. Niyabo? Kuyohamba. Akuyikuba yisikhathi eside. Ukuphenduka okumbalwa nje kwelanga, lokho sekuhambile, khona-ke unomphefumulo ozofanele uphile Phakade.

52 Nalomfanyana osemncane kufanele ukuthi wayenobuntu obuhle, ngoba wazethula eNkosini uJesu, azi ukuthi wakhothama ngamadolo akhe. Wathi, “Mfundisi oMuhle, ngingenzani ukuba ngibe nokuPhila okuPhakade na?”

53 Wathi, “Ungibizelani ngokuthi ngimuhle,” wathi, “ubewazi ukuthi Munye kuphela omuhle, nalowo nguNkulunkulu na?” Niyabo? Yayizwakalisa ini insizwa kulokhu na? Ukuthi WayenguNkulunkulu. Niyabo? Wathi, “Uyayazi imiyalelo. Igcine.”

Yathi, ngakho yathi, “Yiphi imiyalelo, Mfundisi na?”

54 Wathi, “Imiyalelo yokuthi ‘yazisa uyihlo nonyoko,’ kanjalonjalo.”

55 Yathi, “Lokhu ngikwenzile, kwase busheni bami. Niyabo, ngikwenzile lokhu.”

56 Wathi, “Usasilalelwe into inye. Hamba, uthengise ngonakho, bese wabela abampofu, bese uNgilandela.”

57 Ithuba elinje pho! Lowo kwakungaba uPetru, uJames, noma Johane, omunye wabo. Niyabo, umntwanyana wayekade eqeqeshiwe futhi wakhuliswa kahle, futhi kade ethulwe kuKristu, ukuba amsebenzise. Nakho konke okunokwenzeka ayenakho kuye, ukuba akusebenzise, mhlawumbe efundisiwe, esemncane, ecebile, enokuthonya, lapho ayengethula khona iVangeli, futhi nokho waLala. I—into ewubudedengu kanje pho eyayingalowo mfana osemncane! Niyabo?

58 “Ngilandele.” Manje, niyabo, wayefanele alandele umuntu othize. Manje, wayephakathi kokuthi alandele ukuthonya kwabantu ayezimatamise nabo, ukuthonya kwenye intombi, okunye ukuthonya kwegenge yabafana ayezimatamise nabo, ozakwabo esikoleni, noma alandele uJesu Kristu. Kukho konke ukulunga kwakhe, nokho wayazi ukuthi wayengenakho ukuPhila okuPhakade.

Bantwanyana, yilokho enifanele nicabange ngakho. Niyabo?

59 Manje bukani umfana kulobubusuku, ukuthi wayengaba yini, nokuthi uyini, ayikho kulobubusuku. Undawondawo. Wayeyindoda. Undawondawo. Ulinde ukwaHlulelwa. Ulinde ukubhekana nokwaHlulelwa ngaloloSuku, ukwala ithuba elifanayo livezwe kini bantwanyana, cishe impela phansi kwesimo esifanayo; abantwanyana abakahle, ubuntu obukahle, obaba abakahle nomama, eninabo, anidingeki ngisho ukuba nisebenze ngaphandle uma nifuna. Niyabo?

60 Kodwa kunenye into ehamba nalokho. Kunento ehamba nalokho. LeloZwi, kulobubusuku, alifi neze. Liselokhu liyinselelo kuyo yonke insizwa, kuyo yonke intombi, “Ngilandele.” Niyabo?

61 Amazwi awafi. Noma nini uma ukhuluma noma yini, khumbula nje, noma ngabe kusemotweni yakho emfihlweni, noma ngabe kusepulpiti, noma ngabe kuphansi ekhoni lomgwaqo nesoka lakho noma intombi yakho, noma ngabe kukuphi, akufi neze. Ku—kuzophila kuze kubephakade.

62 Ngenkathi ngibone leyontombazane engi...ngobunye ubusuku embonweni, intombazane ehle esencane, umdlali waseHollywood, futhi ngimbone efa, efinyelela, ezama ukuthola usizo. Wafa ngokuhlaselwa yinhliziyu, uNkosazana Monroe. Nalokho-ke sekuyiminyaka emibili edule, futhi ngimbonile efa. Futhi izinsuku ezimbili kamuva wafa.

⁶³ Khona-ke, ngobunye ubusuku, ngalizwa iphimbo laleyontombazane. Kanjani? Abantwanyana kade bengitshela, “Babayi, wehlela kuleyo River Of No Return, ngasonke isikhathi.” Bathi, “Banomdlalo onjengalowo odlalayo, kulobubusuku.” Bangitshela ukuthi ngobusuku obuthize uzodlala, iviki noma amabili ngaphambi kwesikhathi. Ngacabanga, “Awu, ngifuna ukukubona lokho, ngoba kade ngisezansi kulowomfula, kabili noma kathathu; cishe kahlanu, ngiyacabanga.” Awu, nga—ngangifuna ukukubona.

⁶⁴ NoNkosazana Marilyn Monroe wakudlala lokho. Awu, leyo kwakuyintombazane engayibona embonweni. Futhi wayelapho, esithombeni, nezenzo, sona impela isenzo asenza kwi The River Of No Return, ngenkathi ethatha lesosithombe, mhlampe iminyaka eyishumi nanhlanu eyedlula. Kwakuyisithombe esidala, mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili eyadlula. Futhi sekuyiminyaka emibili afa. Futhi nango futhi, ephila, wonke umnyakazo nalolonke izwi. Niyabo? Kusalokhu kubanjwe kanjalo eteyipini enobuzibuthe sekuze kuyaphila futhi.

⁶⁵ Akusikho lokho kuphela, kodwa yonke into esiyishoyo iyaphila. Lonke izwi esilikhulumayo ngeke lafa. Okungena endlini ngamazwi manje, izimo zabantu. Ithelevishini iyakucosha. Ungakhuluma khona lapha, futhi bakuzwa umhlaba jikelele, ngalowomzuzwana ofanayo. Ngisho ngaphambi kokuba ukwazi ukukuzwa kulendlu, kuya emhlabeni jikelele, ngokukagesi.

⁶⁶ Nesibuko sikaNkulunkulu esikhulu siyakucosha lokho. Nawo wonke umnyakazo nasosonke isenzo osenzayo, uzofanele uhlangabezane nakho ekwaHlulelweni. Niyabo? Ngakho, mfo omncane, kuyinto enhle ukuma, ucabange ngalezizinto, uyabo, ngoba uzohlangabezana nakho futhi. Uyabo?

⁶⁷ Ake silandele umkhondo walensizwa, ithuba eyayinalo, bese uzibeka wena endaweni yayo. Nentombazane, ngokufanayo nje kube sengathi uBecky noMarilyn, ngokufanayo nje njengokungathi nje ubumi endaweni yayo, futhi ubungalizwa leloPhimbo elisaphila.

⁶⁸ Lisaphila. Lisanyakaza. Isayense ithi, “Eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje, bayocosha iPhimbo laKhe langempela Alikhuluma, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedlule.” Lisaphila. Njengembokojana igqombiza olwandlekazi, igagasi alinqamuki neze. Liya ogwini, izinkulungwane zamamayela, bese libuyela emuva.

⁶⁹ Uma iphimbo like lakhulunywa labasemoyeni kanjalo, alifi neze. Akukho lutho ongalusho ekwaHlulelweni. Likhona lapho. Kuyoba nePhimbo likaJesu Kristu eyala leyonsizwa “Ngilandele,” futhi yona ifulathela, esibukweni, ngokudabuka, ngoba yayinengebo enkulu. Niyabo? Singahle singabi

ngisho... Akusikho ukuthi njalo kuzofanele kube yimali. Kungaba ngezinye izinto. Niyabo? Noma yini esiyithanda kakhulu kunoma senza kulolobizo, niyabo, kuphenduka kufane nemali kithi. Kuphenduka kube yinto esonayo.

⁷⁰ Manje asiyilandele kancanyana. Kwenzekani uma ifulathela na? Ayililalelanga leloPhimbo likaKristu. Yahamba nabangani bayo.

⁷¹ Okungukuthi, nina bantwanyana, nonke ningabantwanyana abakahle, futhi nibophezelekile ukuba nibe nabangani, kodwa qaphela ukuthi hlobo luni lomngani onalo. Uma loyo mngani elandela uKristu, hamba naloyo mngani. Landela uKristu, nawe. Kodwa uma kungenzi, ungakwenzi.

⁷² Ake siyibuke. Siyathola, mhlampe yabagcina abangani bayo. Iba ngumbusi omkhulu. Yayiwumbusi ngaleyonkathi. Kamuva, siyithola iphumelela kakhulu yaze ya—ya—yadingeka yakhe izinqolobane ezengeziwe ukuba ifake izinto zayo kuzo. Yayisithi ke kuyo uqobo, emva kokuba isigugile, neminako yempilo yobusha nezinto sekwedlule, konke ekwenzile, mhlawumbe, kwakubungazwa.

⁷³ Ngenkathi ikhehla noma isalukazi, njengami, umkami, onyoko nobabayi, sekulukhuni ukuba kube khona noma yini abangacabanga ngayo. Abasakwazi, abafuni ukuphuma futhi—futhi bagijime phansi phezulu nemigwaqo, niyazi, njengoba—njengoba abasha bengenza, nezintombi. Izinsuku zokubonana, nokuthi ubani ozoba ngunkosikazi wakho noma umyeni wakho, noma, niyabo, abanakho lokho emqondweni wabo. Bona, banabantwana, ababakhathalele. Lowo kuzoba yini nonke, kusasa, uma likhona ikusasa. Niyabo?

⁷⁴ Futhi sibona umfo, manje-ke, mhlawumbe ene... Mhlawumbe akazange athole ngisho ukushadelwa. Futhi, nokho, wayengumbusi omkhulu. Futhi wahlala phezu kwe...

⁷⁵ Futhi njengoba kunjalo eJerusalema, namanje, namhlanje, badlela esiqongweni sendlu, ngalesisikhathi sosuku, uma sekuphola, phandle kusihlwa.

Futhi sithola omunye umlingiswa esesithombeni naye: ompofu.

⁷⁶ Nendoda, ngokukhuliselwa ukuba—ukuba yazise umakhelwane, futhi wenze kwabanye njengokuba nabanye ukuba benze kuwe. Niyabo, ngokwenqaba lolobizo lukaKristu, ekugcineni... Kubukeka sengathi, umfana wayekhuliswe ekhaya elinjalo, lokho kwakungasoze kwasuka kuye, kodwa kwasuka. Kwasuka.

⁷⁷ Futhi nakho kulele indoda esangweni, egama linguLazaru, emnxiba ukudla, futhi ngokuyize. Wayedla imvuthuluka eyayiyishanela, ingayi ngisho nakompofo, kodwa ezinjani. Futhi wayegcewele izilonda. Kodwa indoda yayiphucuke

kakhulu emphakathini, ngaleyonkathi, yayingasenamuzwa. Iba ndikindiki, ngoba yayenqabe lesosithembiso sokunikwa sikaKristu.

⁷⁸ Futhi mhlawumbe ngokunye ukuhlwa, lesisikhathi, yenza utosi wayo namawayini amahle, nokwabesifazane okuthandekayo, abafaka amagugu, beyizungezile, nezinto ezinjalo, nakho konke izinhliziyi zayo ezazingakufisa, futhi itosa. Ompofu elele esangweni.

⁷⁹ Futhi ngaphambi kokuba ukusa kuse, ngokusa okulandelayo, yayisisesihogweni, idazulukela ukuba lowoLazaru eze abeke amanzi olimini lwayo. Ukushintsha kwenkundla.

⁸⁰ Futhi niyaqaphela, ngenkathi ithi, “Baba Abrahamama,” manje, yayisakhumbula ukuthi uAbrahamama wayengubaba wabaJuda. Yathi, “Baba Abrahamama, thumela lowoLazaru ompofu phansi lapha namanzi amancane eminweni yakhe, ukuba awabeke ezindebeni zami. Lamalangabi ayahlupha,” yasho.

⁸¹ UAbrahamama wayesethi, “Kungukuthi, ngeke ngakwenza lokho,” ngamazwi amaningi kakhulu. “Nangaphandle kwakho konke lokhu, uyabo, wawunethuba lakho empilweni.”

⁸² Yayinalo nini na? Ngenkathi uJesu ethi, “Ngilandele.” Kodwa yakwala. Yahamba ngendlela eyayingenza ngayo imali. Futhi lokho kulungile, akukho okungalungile ngokwenza imali, kodwa landela uJesu usakwenza. Niyabo? Futhi yayihambe genye indlela, nesixuku.

⁸³ Futhi uthola ukuthi, yathi, noAbrahamama wathi, “Nangaphandle kwakho konke lokhu, kunomsele owakhiwe phakathi kwakho naye, ukuthi akukho muntu osewake wawela, futhi akasoze abakhona. Labo abalapho bangeze lapha, nalaba lapha bangeze lapho. Kwakhiwe. Akukho muntu owelile noma oyowela.”

⁸⁴ Ilaleleni-ke. Isifuna ukuba ngumvangeli-ke. Ubizo uJesu ayeyinike lona, ukuba—ukuba iMlandele, yayibe, nokuba ngumzuzi wemiphefumulo, njengensizwa, kwabuyela kuyo futhi. Yakukhumbula, ukuthi yayinabafowabo abahlanu, futhi emuva emhlabeni, futhi yayingafuni babe kuleyondawo.

⁸⁵ Yathi, “Thumela uLazaru, ke, emuva ukuba atshele abafowethu ukuba bangezi kulendlela. Ngamany’amazwi, ‘Bemukele ubizo, “Ngilandele.”’” Niyabo?

Kodwa Wathi, “Bona, abayikukwenza.”

⁸⁶ Yathi, “Yebo, uma kungavuka oyedwa kwabafuleyo, njengoLazaru, futhi abuyele emuva futhi abatshele.”

⁸⁷ Niyabo, kukhombisa ukuthi, emva kokuba sifa, usalokhu unokuzwa. Yakhumbula. UAbrahamama wathi, “Ndodana,

khumbula, ezinsukwini zakho.” Niyabo? Usakhumbula. Awulahlekelwa yinkumbulo yakho. Uyakhumbula.

⁸⁸ Nezinkumbulo leyondoda eyayingaba nazo, futhi isalokhu isendaweni efanayo, yalikhumbula ithuba eyayinalo lokuzwa uJesu ethi, “Ngilandele.” Kodwa yalandela umuntu ongafanele, isixuku esingafanele. Yangena esixukwini esingafanele, futhi yaya endaweni engafanele, iphethela ePhakadeni elingafanele; ishabalaliswe ngaloloSuku, kuNkulunkulu kuze kube phakade.

⁸⁹ UJesu futhi washo izwi elikhulu elishaqisayo, “Noma kuvuka umuntu kwabafuleyo futhi abuyele emuva, babengenakuvunyiswa. Isizathu, banomthetho kaMose, futhi uma bengayikuzwa lokho, khona-ke abayikuzwa noma kuvuka umuntu kwabafuleyo. Abayikuvunyiswa.”

⁹⁰ Ngani? Ngani? Ngabe umthetho wakhuluma into enjengaleyo na? Yebo. “Yenza kwabanye njengoba ubungathanda benze kuwe.” Futhi wayephile phansi komthetho. Kodwa wayekela ompofu afele esangweni. Niyabo? Waye—wayephile phansi kwemiyalelo kaNkulunkulu, futhi nokho wehluleka ukubona lokho kuPhila okuPhakade okukhulu.

⁹¹ Bantwanyana, nina, ngamunye, nibukeka ninjengabami. Nina, ngamunye, nibukeka njengamadodana namadodakazi ami nje. Ngendlela eyodwa, niyiwo, niyabo, ngokukhuluma ngokomoya. Kunjalo. INkosi uNkulunkulu i—ibeke imiphfumulo yenu ekunakekeleni kwami, ngoba niyeza, ningilalele. Niyangikhulwa. Niyabo? Futhi komunye umuzwa wezwi, ningamadodana namadodakazi ami. Kunjalo.

⁹² Njalo khumbulani, ukugcina imiyalelo kaNkulunkulu kuyinto enkulu. Ukukhuliswa ekhaya elihle. Kuyifa elivela kuNkulunkulu. Nokuba ngabantwanyana abakahle ninobuntu njengoba ninabo, kuhle. Kuyamangalisa, ukuba nemfundo. Kuyamangalisa ngisho nokuphila kulelizwe elikhululekile. Sinezinto eziningi ukuba sibe nokubonga ngazo.

⁹³ Kodwa kunento eyodwa ongayidli nje ifa. Ufanele uYemukele. Lokho ngukuPhila okuPhakade. Futhi uyokwenza lokho kuphela ngokulandela uJesu, ngesehlakalo sokuzalwa ngokusha. Ningakuyeki lokho.

⁹⁴ Indaba encane ngesinye isikhathi engayizwa, ngendoda eyayi, o, yayimpofu. Futhi njalo ya—yayifuna uku...Ithi ayifane, nendaba encane eyinganekwane. Yayihlala njalo ingixaka, nokho. Futhi ngoluny'usuku yakha imbali. Nembali yayingumlingo, nembali yayiphendula, yayisithi, “Ubumpofu yonke impilo yakho.” Yathi, “Manje cela okuthandayo, futhi uzophiwa khona.”

⁹⁵ Yathi, “Leyontaba engaleya iyovuleka nge, futhi ngingahamba ngingene futhi ngithole igolide entabeni.”

96 “Awu,” yathi, “uzodingeka ungiphathe noma ngabe uyaphi. Niyabo? Uzodingeka ungiphathe. Ngakho, nomaphi lapho ngikhona, khona-ke ungacela okuthandayo.”

97 Yaya entabeni, nentaba yavuleka nge, yayisingena. Amashalofu ayegcwele igolide namadayimane, njengoba indaba eyinganekwane encane ihamba. Yabeka phansi imbali e—etafuleni noma edwaleni. Yase igijima, yadumela itshana eliyigugu elikhulukazi, yayisithi, “Ngifanele ngihambe ngiyokhombisa lokhu kubangani bami. Futhi manje sengiyisicebi. Senginayo yonke into manje. Ngifanele ngikhombise lokhu.”

98 Futhi ngakho imbali yakhuluma, “Kodwa,” yathi, “ukhohlwe yinto enkulu.”

99 Ngakho igijima iyabuya yase iyithatha, yathi, “Awu, mhlawumbe ngizo—ngizothatha isinqamu segolide. Ngizothatha isinqamu sesiliva.” Futhi ngakho yathi, “Ngi—ngizosheshe ngiphume, ukuba ngitshela abantu ukuthi sengicebe kangakanani, nokuthi yini konke enginakho.”

100 Yayisifika emnyango, nembali yathi, “Kodwa ukhohlwe yinto enkulu.”

101 Ngakho igijima ibuyela emuva futhi. Yathi, “Phakathi lapha sithola zonke izinhlobo zezimpahla zokwakha.” Ngakho, yacosha itshe. Yathi, “Ngizohamba, ngithathe lelitsheshe bese ngikhombisa abantu ukuthi hlobo luni lwetshe lentaba eyakhiwe ngalo, ngakho ngingayithola indlela yami yokubuyela kulo.” Niyabo?

102 Yase iqala ukuphuma ngomnyango, nembali yathi, okwe. . . isikhathi sayo sokugcina, “Ukhohlwe yinto enkulu.”

“O,” yathi, “o, thula.”

103 Niyabo, yayingafuni ukuba ibe isakuzwa, “Ukhohlwe yinto enkulu,” yayisigijima iphuma emnyango. Futhi ngenkathi yenza, umnyango wavaleka emva kwayo, nembali ingaphakathi. Into enkulu kwakuyimbali. Niyabo? Into enkulu kwakuyimbali.

104 Eminyakeni eyedlula, njengomntwanyana, njengoba nonke niyibo, lapha, ipulazi lezinkomo ngaphezulu lapha, ngaphezu kwePhoenix. Ngangifunda isiqephu, ngokuhlwaya, iphepha ngomhlwayi. Manje-ke, kwakungekho migwaqo konke lapha ngaleyonkathi, izindledlana nje zesihlabathi. Basenza inqwaba yokuhlwaya phakathi lapha, niyazi.

105 Kodwa lomhlwayi wayengenile, futhi wayethole inqwaba yemali, futhi wazithela enqwabeni yegolide. Futhi esendleleni yakhe engena, wahlala endlwaneni yezingodo ayeyitholile. Futhi wayehamba nenja, futhi, i—inja, yayiboshelwe ngaphandle. Futhi ngalobo busuku, kwakukade kukhona umgulukudu umlandela, ukuba uthole leligolide. Wayelicoshe ezimayini

ezindala zaseSipeyini, futhi wayengena nalo. Nenja yaqala ukukhonkotha.

¹⁰⁶ Nendoda yayingafuni ukuhlushwa yileyonja. Yathi, “Thula.” Yathi, “Kusasa, ngizolithatha ngilifake leli, e—edolobheni.” Futhi ngizo...Ubuqotho bendaba babuyilokhu. “Futhi ngizolikala, futhi ngizoba yisicebi. Futhi ngizothenga izimoto ezinkulu. Futhi ngizoba nazo zonke izinhlobo zabetesifazane namaphathi amakhulu. Futhi ngizoba yisicebi, ngoba sengivele ngizithele kwengikufunayo. Nginegolide lapha, eliningi lalo.” Futhi yathi, “Ngizo...”

¹⁰⁷ Futhi ngenkathi isazama ukuyolala,inja yayilokhu ikhonkotha, ngoba inja yayimbonile umgulukudu enyuka, ethe nyelele enyuka, elindele umhlwayi ukuba ayolala.

¹⁰⁸ Wavuka futhi, wayesedazuluka enjeni futhi, wathi, “Thula.” Nenja bandla yanswininiza futhi yazama ukuxwayisa umniniyo ukuthi ingozi yayiqamekela—iqamekela. Futhi ngenkathi...

¹⁰⁹ Isikhathi esilandelayo, ngenkathi inja iqala ukukhonkotha, umhlwayi wayenesibhamu ingebe. Wayengafuni ukuhlushwa, ngakho wavele wavuka nje wayeseyidubula inja. Nomhlwayi wabulawa ngalobo busuku, ngumgulukudu. Onke amaphupho akhe afekethisiwe awamsizanga. Ngani na? Wathulisa iphimbo elalimxwayisa.

¹¹⁰ Akukho muntu ongazama ukwenza noma yini, nina bantwanyana, beningeke neze nakwazi ukwenza noma yini engalungile, emva kokuba nikhuliswe ngendlela eniyo, ngaphandle uma beningezwa into ethize initsihela ukuba ningakwenzi. Manje, ningalokothi nithulise lelophimbo elinixwayisayo.

¹¹¹ Futhi khumbulani njalo, yemukelani leloPhimbo elathi, “Ngilandele,” futhi njalo niyophumelela. Ngikholwa ukuthi niyophumelela. Nginethemba kini. Kodwa njalo nje khumbulani ukuthi uJesu, leloPhimbo, liyaphila emhlabeni kulobubusuku.

¹¹² Kuyafana nje, njengoba lonke iphimbo nalolonke izwi esilikhulumile lisaphila, uma lelophimbo liphuma kulelogagasi lomoya osesibhakabhakeni lomoya. I...Niyabo, ninesedlulisa-msindo lapha esilikhiphayo. Uyisedlulisa-msindo elisikhiphayo. Manje kuthatha isiteshi ukulicosa.

¹¹³ Futhi uJesu wayeyiseDlulisa-msindo seZwi likaNkulunkulu, ngokuba Waye—ngubuthathu—bunye bukaNkulunkulu ebonakaliswe kuMuntu oyedwa. WayenguNkulunkulu ophelele, noMuntu ophelele.

¹¹⁴ Nobuthathu bukaNkulunkulu, ubuthathu bezingxenywe zikaNkulunkulu ezingehlukaniseki, njengokuba nguYise, iNdodana, noMoya oNgwele, wayemelwe kulowoMuntu oyedwa, uJesu Kristu. Ngakho, lapho, WayeyiZwi.

115 Futhi WayeyiseDlulisa-msindo esathi, “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Niyabo? “Ngiqinisile ngithi kini, ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade.” Manje, leloZwi liphumile kwiseDlulisa-msindo. Wathi, ngolunye usuku, “Ngiqinisile Ngithi kini, uma uthi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukukholwa ukuthi okushilo kuzofezeka, unganakho okushilo.”

116 Manje, uma nje ungaba yisiteshi sokucosha Lokho, ngokunye ukulawula okungaphakathi kuwe, ngokukholwa, kuzokugudluzela ngqo esiyingini sikaNkulunkulu, ekuZalweni okusha, futhi uzalwe ngokusha. Khona-ke uyohlala njalo usekuxhumaneni, ukuzwa leloPhimbo eliyohlala njalo likwexwayisa uma ingozi ingakhona. Uma izinto zingalungile, zihamba kabi, Liyohlala njalo liyisexwayiso kuwe. Bese kuthi-ke, esikhundleni sokuba ngoluny’usuku ube njengalowomfana osemncane oyisicebi esikhuluma ngaye; ube yindoda njengomphostoli uPetru, uPawulu, noma umuntu othize owazuzela uJesu Kristu imiphefumulo. Yenzani lokho, bantwanyana.

Singakhuleka na?

117 Nkosi Jesu! Abasha, abesilisa nabesifazane bakusasa, uma likhona ikusasa. Sifanele sibaqeqeshe, Nkosi. Siyawuzwa lowomthwalo, ukubaqeqesha sengathi liyobakhona ikusasa. Uma lingekho, khona-ke namuhla wusuku.

118 Futhi manje-ke, Baba, siyazi ukuthi akukho muntu omukelwa ebusweni baKho. Akukho nyama engakhazimula. Akukho mfundo, nakuba lezizinto zizinhle njengoba zingaba yizo, akukho misebenzi emihle, akukho sikhungo sezenkolo, akukho sayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, akukho lutho olungaqinisekisa uNkulunkulu kodwa uMoya oNgcwele. UyiThuluzi, uNkulunkulu qobo lwaKhe, esimweni sokuPhila okuPhakade, ongeza kithi njengomuntu ngamunye. Futhi sinokubonga ngalokhu.

119 Qiniso kuyezwakaliswa ngenkathi uPetru enza isivumo. UJesu wathi kuye, “Inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ukufunde ekholiji. Awuzange ukufunde esikoleni esithize.” Kuyinto eqondene nomuntu, into ethize umuntu ngamunye azofanele ayemukele. Wena wathi, “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha ibandla laMi, namasango ehayidese awayikwazi ukulehlula.” Sinokubonga ngalokho, Nkosi.


120 LeloPhimbo lisaphila kulobubusuku. Futhi kusenezigxobo, izigxobo ezikhiphayo, izigxobo zokulalela, iziteshi ezimukelayo, zokukholwa, ezingaLemukela. Sikhulekela ukuthi ngamunye walaba bantwana uzolemukela leLo, Nkosi, ezinhliziyweni zabo. Futhi kukhumbule lokho, hhayi lokho abakwenzayo ukuba babebahle, kodwa ba...UNkulunkulu akasehluleli

ngesikwenzayo, kodwa ngesikwemukelile. Sisindiswa ngokukholwa kwethu, futhi hhayi emisebenzini yethu. Ngakho siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi bazobamba umbono manje, futhi babone futhi bezwe lesosimemo esikhulu esiPhakade, sokuthi, “Uze, uNgilanele.”

¹²¹ Kwangathi ngamunye wabo, Nkosi, angaphendukela eceleni asuke kuzo zonke izinto zezwe, lokhu okufayo, ukuphila okuphethayo. Njengoba belapha kulobubusuku, nezinwele zabo ezimhloshana ezisagolide, nabanye babo nezinwele zabo ezimnyama, namehlo ansundu, namehlo aluhlaza, futhi behlezi kukho impela okuhle ukwedlula konke balokho abayoke babeyikho.

¹²² Futhi njengoba umbhali omkhulu wathi, “Khumbula uMdali wakho ngezinsuku zobusha bakho, izinsuku zobubi zingakasondeli. Khona-ke awuyikuba nagugu kuzo.” Kanjani, Nkosi Jesu, Washo kuPetru, “Usemusha, wawusukuma futhi uye lapho owawufuna ukuya khona. Kodwa lapho usumdala, omunye uyakuthwala uye lapho obungefune ukuya khona.” Mabakhumbule, “Usuku lumanje. Yilesisikhathi.” Siphe khona, Baba.

¹²³ Ngibabiza bonke, ngomntanami uqobo, lapha kulobubuku, kuwo wonke umntwana ophakathi lapha. Ngiyezwa ukuthi Ukubeke ezandleni zami, ukuba qaphela. Ngibabiza bonke, kuSathane nasekufeni, baye ekuPhileni kuJesu Kristu. Amen.

¹²⁴ Busiswani, bantwanyana. Kuhle ngempela ukusho amazwi ambalwa kini. Futhi ngizobuye ngibuye, Billy. Abantwanyana abahle, ngiyanithokozela. Mfowethu Fred, iNkosi ikubusisie. INkosi ikubusise, dade. 

UZE, UNGILANDELE ZUL63-0601
(Come, Follow Me)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoJuni 1, ngo 1963, eHouse Meeting eTucson, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org